basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

2018

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 80

Le memorandamu inamakhasi angama-34 sekuhlangene nerubhrikhi.

Imiyalelo yokumaka leli iphepha

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe. (**Ohlolwayo akumele aphendule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo**)

2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.

3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili emifushane noma emibili emide esiqeshini B no C, maka impendulo yokuqala ngesiqephu bese uyayiyeka impendulo yesibili. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine, maka impendulo yokuqala kuphela isiqephu ngasinye, uma kuya ngokuthi umbuzo omfushane kanye nomude uphenduliwe.

4. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhlolweni kanti eyesibili ishaya emhlolweni, maka eyokuqala bese **uyayiyeka** eyesibili.

5. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe imemo.

6. Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.

7. *Imibuzo emide*
   Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo. Sebenzisa irubhriki **eyisingezelelo A no B** ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walowo ohlolwayo.

8. *Imibuzo emifushane*
   Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, **ungamphuci amamaki**.

9. **Imibuzo evulekile**, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/Ukwesekela/Ukwenaba yikona okunikezwa amamaki.

10. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu/Ukwesekela/Ukwenaba yikona okunikezwa amamaki.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

'SASINGAKAZE SIMBONE' – ZB Muthwa

Impendulo mayibhekiswe kokulandelayo:

Isingeniso:
Indikimba yenkondlo umongo noma ingqikithi yenkondlo. Indikimba iwukuveza ukuthi inkondlo imayelana nani ngegama elilodwa noma amabili. Le nkondlo ethi, 'Sasingakaze Simbone' indikimba yayo uxolo/inkululeko eyalethwa ngokaMadiba kubantu baseNingizimu Afrika emuva kwengcindezelo.

Umzimba:

Ibinza loku-1
Imbongi isinikeza umqondo wokuthi ngesikhathi uMandela esejele abantu bakuleli babengavunyelwe ukukhuluma ngaye noma babenesithombe sakhe ngoba wayekade eboshelwe ezombusazwe nguhulumeni wamaBhunu. Uthe uma ephuma ejele akabanga nenhliziyo embi kodwa wafika wakhuluma ukuthula; wakhuluma uxolo kanye nokulingana kwezinhlanga zonke zakuleli.

Ibinza lesi-2
Imbongi isebenzise umfanekisomqondo wokuthintekayo, 'Asifumbathise umbayimbayi', okusho ukuthi abamhlophe babulawe ngesibhamu. Konke lokhu wayeyobe ekwenziswa igqubu lokuboshwa kodwa uMandela waphuma ejele esebaxolele abamhlophe. Akazange akwenze okwakucatshangwa ngabantu.

Ibinza lesi-3
Imbongi isebenzise umfanekisomqondo wokubonakalayo, 'Wasinik'udondolo ...' waba nesineke sokubonisa abantu indlela okumele kuphiliswane ngayo. Imbongi isebenzise isisho, ‘Injobo wayithungela ebandla’ waba nguMongameli obonisana nabantu ngaphambi kokuthatha izinqumo.

Ibinza lesi-4
Imbongi ikhuluma ngoxolo nenkululeko yombuso wentando yeningi kuleli zwe okwamenza uMandela waba undabuzekwayo wathandwa umhlaba wonke.

Ibinza lesi-5
Imbongi isebenzise isifaniso, ‘uMandela uphume wafana nenyanga’ ngoba abantu abansundu kuleli babekade becindezelekile kufana nokuthi basebumnyameni kodwa yena wakhanyisa, ezemidlalo zavuleleka kuwo wonke umuntu onsundu nomhlophe.

Ibinza lesi-6
Imbongi isebenzise isingathekiso, ‘Ezomzabalazo ... amakhuba’ igqugquzele imfundo ukuze abantu babumbane.

Ibinza lesi-7
Imbongi isebenzise isisho, ‘... yadl' umhlanganiso’ imisebenzi yakhe yokuletha ukuthula noxolo ituswa i-Afrika yonke.

Ibinza lesi-8
Imbongi iyaqhubeka itusa/incoma uMandela ngokuhlanganisa osopolitiki bezinhlanga kukhulunyiswane ngobumbano nokwakha umthetho sisekelo waseNingizimu Afrika. Kwakuthi noma edansa kujabule noma ubani ngenxa yenkululeko noxolo ayenalo yena uqobo.

Ibinza lesi-9
Ukuphuma kukaMandela ejele kwenza abantu bakholwe ukuthi kanti uMandela kwakuwumuntu okhona. Imisebenzi yakhe emihle ithandwa yiwo wonke umuntu. Akasoze alibaleka ngisho nasezizukulwaneni ezizayo.

Isiphetho: (Uvo lomfundi)
Imbongi ikwazile ukwethula indikimba yale nkondlo okuwuxolo/okuyinkululeko eyalethwa nguMandela kubantu ngokusebenzisa isingathekiso, umfanekisomqondo kanye nesisho. Imbongi iphethe ngokuncoma ukuthi ayisoze yakhohlakala/yalibaleka imisebenzi kaMandela emihle.

(Impendulo mayibhalwe njenge-eseyi) **[10]**

NOMA

UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)

'UYOBONGWA/UYOBONGWA NJALO' – NL Luthuli

2.1 Wathath' imicabango nemizwa
Wakusheba nongwaqa nonkamisa.√/
Walubamb' usiba kwaphum' izinkondlo.
Wabongwa. √
Imvumelwano-siqalo.√ (2)

2.2 Umoya wokubonga/wokuncoma/wokutusa/wokujabula√ ngoba imbongi ebinzeni lesi-3 ikhuluma ngabantu asebephumelele abafundiswa uMathenjwa ababonga umsebenzi awenzile kanjalo nebinza lesi-4 lisakhuluma ngabantu abafundiswa nguMathenjwa okuwukuthi noma angadlula emhlabeni liyosala igama lakhe.√ (2)

2.3 Umqondo oqukethwe yile migqa ukuthi igama likaMathenjwa liyohlala libongwa njalo noma engasekho emhlabeni.√√ (2)

2.4 Isizathu ukuthi umqondo walokho imbongi ekushoyo emgqeni wama-36 uphelela emgqeni wama-37.√ Imbongi icelela/incengela uMathenjwa ukuthi uSomandla amhole, ambusise futhi aphumelele kulokho afuna ukukukwenza.√ (2)

2.5 Imbongi iphumelele ukusebenzisa impindwa ethi, 'bongwa' ngoba leli gama liphindaphindwe cishe kuwo wonke amabinza.√ Le mpindwa igqamisa imizwa evezwa abantu ekubongeni uMathenjwa ngemisebenzi yakhe emihle ayenze kubo ngokubafundisa.√ (2)
[10]

UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)

'NGAPHANSI KOMTHUNZI' – P Ngubo

3.1
- Ukumamfuza√
- Ukunwampela√ (2)

3.2 Imbongi ihlonipha abazali bayo uSonane noMaMtimande√ ibuye ibabonge ngokuyinika ithuba lokufunda esikhungweni semfundo ephakeme lapho okungayi noma ubani.√ (2)

3.3 Inhloso yembongi ekusebenziseni ifanangwaqa uNg- ukugcizelela kanye nokuletha umgqumo omnandi enkondlweni.√ Iyona uqobo eyayenza into eyayiyithanda, ifunda ngothando nokuzinikela.√ (2)

3.4 Umugqa unomthelela wokuba ngiqonde ukuthi imfundo ezuzwe imbongi iyisizile ukuze ikwazi/ukubhekana ukuzivikela kunanoma yisiphi isimo ehlangabezana naso empilweni.√√ (2)

3.5 La magama asetshenziswe kahle ukugqamisa ukucwaswa ngokobuhlanga okwakwenzeka ngesikhathi sobandlululo.√ Lezi zinhlanga yizona ezazaziwa ngokugqilaza abantu ngesikhathi sobandlululo ikakhulukazi uma bengafundile/Indlela aseqeqesheke ngayo angeke asahlushwa iNdiya/iBhunu.√ (2)
[10]

UMBUZO 4: (UMBUZO OMFUSHANE)

'NGINGUMNQOBI' – NL Luthuli

4.1 Inyon' emhloph'esus' <u>imikhaza</u>
<u>Imikhaza</u> yokungazi ezinkomeni zikaZulu. √
Ukuxhumana okutshekile.√

NOMA

Abanenzululwazi <u>yokwazi</u> izinto,
<u>Bakwaz</u>' ukuphons' umbalane nabo.√
Ukuxhumana okutshekile.√ (2)

4.2 Imbongi inqoba izinkinga eziza ngobuningi futhi iyakwazi ukuzibona zisekude√ izinqobe ngokusebenzisa imfundo.√ (2)

4.3 Zimveza njengomuntu ongeyena ugombelakwesakhe/owusizo kwabanye/ ongasizakali ngokuhlupheka kwabanye√ ngoba kuthi uma eseluzuzile ulwazi wenela bese eludlulisela kwabanye ukuze nabo basizakale.√ (2)

4.4 Imbongi ihlose ukugqamisa ukuthi ngokufunda kwayo ikwazile ukusiza ababengafundile√ ngokubanika imfundo ukuze bakwazi nabo ukuziphilisa ngayo le mfundo.√ (2)

4.5 Imvumelwanosiqalo iletha umgqumo nokugcizelela okuveza ukuthi imbongi ikhuluma ngayo.√ Imbongi iveza ukuthi ayizange izikhukhumeze/yazehlisa kodwa yaya kwezinye izifundiswa ukuze isizakale nayo igcine iphumelele.√ (2)
[10]

UMBUZO 5 (UMBUZO OMUDE)

'THUMELA UZAMCOLO NKOSI!' – BT Msimang

Impendulo mayibhekiswe kokulandelayo:

Isingeniso:
Indikimba yenkondlo umongo noma ingqikithi yenkondlo. Indikimba iwukuveza ukuthi inkondlo imayelana nani ngegama elilodwa noma amabili. Le nkondlo ethi, 'Thumela Uzamcolo Nkosi' indikimba yayo amandla oMdali kubantu. Ukukhethwa kwamagama kuwukusetshenziswa kwamagama anembayo nezimo zokukhuluma kanye nokuphindaphinda ukugqamisa indikimba yenkondlo:

Umzimba:
Ibinza loku-1
Imbongi isebenzise la magama anembayo, 'ojuba amazulu' ukugqamisa ubukhulu bukaNkulunkulu okunguyena yedwa okwazi ukunika umyalelo bese izinto zenzeke. Imbongi iphinde yasebenzisa amagama anembayo'... asifafaze ngemikhemezelo' ukugqamisa ukuthi nguNkulunkulu owehlisa imvula noyalela ilanga ukuba lisikhanyisele.

Ibinza lesi-2
Imbongi isebenzise la magama anembayo, 'kulo mhlabathi olugagadu logwadule' ukugqamisa ukuthi uMdali ufika nakulabo abantu abanezinhliziyo ezilukhuni. Imbongi isebenzise isenzukuthi, 'Ifu lezintuli zikhuhle khuhle' ukugcizelela ukuthi abantu baye benze izinto ezimbi bengasakwazi ukubona nokuhle. Imbongi isebenzise isingathekiso 'Yisishingishane ...' ukugqamisa ukuthi umhlaba ungcololile.

Ibinza lesi-3
Imbongi isebenzise isenzukuthi, **'**kubemnyama bhuqe**'** ukugcizelela ukuthi kuba mnyama/baphelelwe onembeza. Iphinde yasebenzise amagama anembayo ‘Odala ubugqikolo bedwala’ ukugcizelela ukuthi nguyena yedwa uMdali onamandla owenza abantu babe nezinhliziyo ezilukhuni. Iphinde yasebenzisa amagama anembayo, 'Olola ukucija ...' ukugqamisa ukuthi nguMdali owenza abantu babe nezinhliziyo ezimbi.

Ibinza lesi-4
Imbongi isebenzisa la magama anembayo, '... langqangqazela, leza nezihlambi ...' ukugcizelela ukuthi sekushunyayeliwe izwi lenkosi abantu bezwa. Iphinde yasebenzisa la magama anembayo, '... nhlamvu' ukugcizelela ukuthi ngokuphazima kweso babuyela ebubini. Imbongi isebenzise isingathekiso, '... wena dwala' ukugcizelela ukuthi umuntu oyimi ongezwa olukhuni ongaguquki, 'Idwala eliyimi, ...' Umuntu waphindela ebubini sengathi akaze ashunyayezwe.

Ibinza lesi-5
Imbongi isebenzise la magama anembayo 'ongaqhekeza ubutshe bedwala kanye ongathintibeza izinciji zameva' ukugcizelela ukuthi uMdali nguyena yedwa ongaguqula izinhliziyo zabantu basuke ebubini ababenzayo.

Ibinza lesi-6
Imbongi isebenzise isihlonipho, '... Baba' ukucela ukuba uNkulunkulu alethe imvula. Iphinde yasebenzisa amagama anembayo, 'ubulukhuni bukhunyuzwe' ukugcizelela ukuthi nguMdali kuphela ongehlisa umoya oyingcwele, onamandla ukuguqula abantu abanhliziyo zilukhuni, bathanjiswe bamukele izwi leNkosi ukuze bakwazi ukwehlukanisa okuhle nokubi. Bathanjiswe, badumise izwi leNkosi.

Isiphetho: (Uvo lomfundi)
Imbongi ikwazile ukwethula indikimba yale nkondlo okungamandla uMdali anawo ukuguqula izinhliziyo zabantu. Isebenzise amagama anembayo, izimo zokukhuluma kanye nokuhlonipha ukugcizelele ukuthi uMdali kuphela onamandla wokulawula abantu. Imbongi iphetha ngokuba icele uMdali ehlise umoya oyingcwele ozoguqula izinhliziyo zabantu badumise izwi leNkosi.

(Impendulo mayibhalwe njenge-eseyi) **[10]**

UMBUZO 6 (UMBUZO OMFUSHANE)

'NYUVESI YAKWAZULU' – LF Mathenjwa

6.1 Ukwenzasamuntu/Isenzasamuntu.√ (1)

6.2 Imbongi ithi leNyuvesi yaKwaZulu kukhulunywa ngayo emaXhoseni nakwaMshweshwe, imfundo yayo idlula ngisho amaNyuvesi ayaziwa ngokuthi awabaMhlophe kanye no-*Fort Hare no-Turfloop* futhi bayayesaba.√ Iphinde ibatshazwe nangemisebenzi yayo emihle e-Afrika.√ Imbongi ithi amaNyuvesi aphesheya ababaza iqhaza lemfundo elibanjwe yile Nyuvesi.√ (3)

6.3 Indikimba yale nkondlo yimfundo.√ Lokhu kukhethwa kwala magama kunomthelela wokuthi kulesi sikhungo semfundo ephakeme kunolwazi oluningi/olungapheli. Baningi kakhulu abafunde lapha kule Nyuvesi bazimisela bagcina begogodile.√ (2)

6.4 Imbongi ihlose ukudlulisa/ukugqamisa ukubaluleka kweNyuvesi yakwaZulu engunina/engunozala wolwazi, imfundo kanye nempumelelo.√√ (2)

6.5 Imbongi iphumelele kahle ukusebenzisa isimo sokukhuluma esisemgqeni wama-28 ukuncoma isikhungo seNyuvesi yakwaZulu.√ Ulwazi olukulesi sikhungo lukwenza uhlale ululangazelela/uhlale uluphokophelela/ulihlonipha ngoba lunothile futhi lumnandi njengoju.√ (2)
[10]

UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)

'UTHANDO' – KNN Gcumisa

7.1 Okwalolo thando kuyadumaza
Ngalolu thando sebeyaziqhenya√ (1)

7.2 Le migqa iqukethe ithoni yokubalisa.√ Emgqeni wesi-8 imbongi iyabalisa ngokusebenzisa umbuzombumbulu nokuthi yini ehlula intsha ukuba izihloniphe kwezothando.√ kanti emgqeni wama-23 iyabalisa/ikhombisa ukuphelelwa yithemba uma icabanga ngendlela intsha yakudala eyayihlonipha ngayo lokhu okukhonjiswa isikhawu/isizura.√ (3)

7.3 Imbongi idlulisa umyalezo wokuthi akufanele intsha izibandakanye kwezothando singakafiki isikhathi.√ Akuthi noma sebezibandakanyile kwezothando baphinde bakwazi ukuhlonipha abantu abadala nabo uqobo bazihloniphe.√ (2)

7.4 Leli fanangwaqa liletha umgqumo nobumnandi enkondlweni.√ Lilekelele ukugcizelela ukuthi baningi abantu abasha abadudanayo/abakhohlisanayo mayelana nokuziphatha kwezothando√ (2)

7.5 Imbongi iphumelele kahle ukusebenzisa isikhawu/isizura ukuphumula/ukubala ngokukhathazeka ngendlela intsha engasahloniphi ngayo ngokuma emakhoneni nasezigxotsheni noma kuqhamuka abantu abadala.√√ (2)
[10]

UMBUZO 8 (UMBUZO OMFUSHANE)

'UNOLUXOLO/UNOXOLO' – KNN Gcumisa

8.1 Upholil' uphuzisa bonke abakulangazelelayo,
Ubaph' ukujabul' imizimba yethakase√ (1)

8.2 Le migqa iqukethe ukuxhumana okusekuqaleni.√
Ngalokhu kuxhumana imbongi 'igcizelela isimo esingesihle sokungezwani kubantu√ okugcina kulethe ukubulalana.√ (3)

8.3 Kuleli binza imbongi iyabalisa/iveza umoya wosizi√ wokuthi uma abantu benganakho ukuphumula nokuthula empilweni yabo bahlala bekhala ngenxa yokungezwani kwabo.√ (2)

8.4 Imbongi isebenzise ithoni yokuncenga/yokuzehlisa/yokutusa.√ Lokhu okunomthelela wokuthi uma kungase kungenelele unina woxolo ngeke kuphinde kube khona ukungezwani kubantu/abantu bohlala ngokuthula nokuzwana njalo.√ (2)

8.5 Imbongi ikwazile ukusebenzisa injambamenti ukuze le migqa yomithathu iqukathe amagama amathathu emgqeni ngamunye.√ Ibuye yazama ukuthi kube khona ukuxhumana ngokusebenzisa amagama, 'kuletha' no 'kwaletha', yize engafani ncamishi/imbongi ibuye yazama ukuveza imvumelwanosigcino noma ingavelanga kahle/umqondo wenkondlo usukela emgqeni we-17 uze uyophelela emgqeni we-19 nakuba lungekho uphawu lokuloba ungqi/Le migqa iletha isigqi esisheshayo ngenxa yokuthi imigqa ivulekile.√ (2)
[10]

KANYE

UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)

'BAMGUDLUZILE' – CT Msimang

9.1 Isihlangu basiphiwe basilahlile.√ (1)

9.2 Imbongi ikhathazekile/idumele/iphatheke kabi√ ngoba lo muntu osetshenzelwayo ukuze asizakale uyadumaza akabonisi kubonga/akancomi wenza okubi, uphula lo omsizayo umoya. Ithi ukhethe ukudela lapho usizo luvela khona kepha waqhubeka wenza izenzo ezingalungile√√ (3)

9.3 Imbongi izibuza imibuzo yize yazi ukuthi ingethole mpendulo ukuzwakalisa ukukhathazeka/ukudideka√ ngenxa yezenzo ezimbi zabantu abazenza emhlabeni nokuthi bazolazi kanjani iqiniso bayeke izenzo zobumnyama.√ (2)

9.4 Imbangela yokusetshenziswa komfanekisomqondo ukugqamisa ukuthi abantu sebengene bagamanxa ezinkingeni nasezingozini ezinkulu ngenxa yokuthi iziyalo bazilahlile/abazilaleli.√√ (2)

9.5 Le nkondlo inesigqi esinensayo.√ Imigqa eminingi ivalekile ngoba inezimpawu zokuloba ezenza isigqi sinense okudalwa ukukhathazeka kwembongi ngesimo esibonayo esibuhlungu sokungezwani kwabantu nokungalaleli imithetho/ukusetshenziswa kwezimpawu zokuloba, ukukhethwa kwamagama, ubude bemigqa kusetshenziswe ngokuyimpumelelo.√ (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)

BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya

QAPHELA:

- Ohlolwayo kulindeleke ukuthi abhale impendulo yombuzo njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mbuzo kubhekwa impumelelo yombhali ekudluliseni umyalezo ubhekiswe kubalingiswa abanikeziwe.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
  - Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze impumelelo yombhali ekudluliseni umyalezo.
  - Umzimba: Ohlolwayo makaxoxe, acaphune abuye asekele umyalezo kusukela ekuqaleni kuze kufike ekupheleni kwenoveli.
  - Isiphetho sempendulo: Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nempumelelo yombhali ekwethuleni umyalezo kule noveli.

ISINGENISO

Umyalezo yilokho umbhali asixwayisa noma aseluleka ngakho enovelini/yisifundo esitholakala uma sifunda inoveli. Umyalezo uchaza ukuthi umbhali ubehlose ukusazisani ngokubhala le ndaba. Umyalezo wale noveli umayelana nokuthi izinqumo esizithathayo ngempilo yethu zingaba nemiphumela engemihle kwabanye abantu nakithina uqobo.

Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nomyalezo kule noveli.

UMZIMBA

UMhlengi/UMahlengi

- Unquma ukutshela isithandwa sakhe uNontobeko ukuthi mabahlukane ngaphandle kokumtshela isizathu. Lesi sinqumo sinomphumela wokuthi uNontobeko adideke, aphume efulethini ayoziphonsa emgwaqeni, ashayiswe imoto, alimale kakhulu, agcine eselele esibhedlela.
- Unquma ukutshela uNgidi ukuthi uyinkonkoni, lokhu kunomphumela owenza uNgidi wathukuthela wahlukumezeka kakhulu emoyeni ngoba wayesebenza kanzima ukuze aqoqele indodana yakhe ifa. Ugcina ngokumsula efeni amxoshe nasemzini wakhe. Wadela nokushadelwa okwesibili wagcina esezisola futhi ezigxeka ngokuthi mhlawumbe akamkhulisanga ngendlela efanele uMhlengi.

UNontobeko:

- UNontobeko uthatha isinqumo sokuziphonsa emotweni ihamba okwaba nomphumela wokuthi alimale kabi angakwazi nokukhuluma futhi walala amasonto amaningi esibhedlela.
- Isinqumo sokuqoma uNkululeko ngemuva kokwaliwa uMhlengi. Lesi sinqumo saba nomphumela wokubhuntsha komshado wagcina ngokuzikhunga uNkululeko kwahlukumezeka nomndeni wakhe. Kanjalo nomndeni kaNontobeko watheleka ngehlazo futhi waphatheka kabi ngoba wayetshele nonina ukuthi uzoluvala ucingo angabe esatholakala balindele yena abashayele.

UXolani:

- Isinqumo sokuthandana noMahlengi saba nomphumela wokuthi kuhlukumezeke uLungile nezingane zakhe ngoba wayezishiye zodwa ebusuku eyobona uMahlengi. Waphindela otshwaleni, wabuya enuka iziqholo zabesifazane waphupha uMahlengi waze wamemeza negama. Wagcina eseshelwa umuzi wakhe kushona nezingane zabo nomshado wakhe okungenzeka ukuthi waphela.

UNgidi:

- Uthatha isinqumo sokuyocinga indodana yakhe uMhlengi ngaphandle kokwazisa isithandwa sakhe uNomalanga kanti wayesemqinisekisile uNomalanga ukuthi angeke esakwenza lokho. Lokhu kwaba nomphumela wokuhlukumezeka kakhulu kuNomalanga waze wathatha nesinqumo sokumbhalela incwadi yokumala uNgidi. Kwamphatha kabuhlungu uNgidi ukuthola ukuthi uMhlengi wayeseziguqule ubulili esengumuntu wesifazane nanokuthi amathemba akhe okuthi uNontobeko wayezoba umakoti wakwakhe ayeseshabalele.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa izinqumo kanye nemiphumela yazo ukuphendula umbuzo.)

ISIPHETHO (uvo lohlolwayo)

Umbhali uphumelele ukwedlulisa umyalezo othi izinqumo esizithathayo ngezimpilo zethu zingaba nemiphumela engemihle kwabanye abantu nakithina uqobo.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, bakhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.) **[25]**

UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

11.1 Isimo senhlalo asisihle.√ UNdumiso ukhathazekile ukubona uMahlengi engamjabuleli njengoba emvakashele.√ (2)

11.2 Ukubona ukuthi uMahlengi kunemicabango emudlayo√ eyenza angamboni nokuthi ukhona lapha endlini.√ (2)

11.3 UNdumiso uhlangana noXolani ngaphandle kwefulethi likaMahlengi bese emshaya uXolani.√ Emva kwalokho uyobamba inkunzi uNgidi ukuze alobole uMahlengi.√ UNdumiso ugibeza intombi kaSbu yezwa ezindabeni ngobugebengu bakhe yazisa amaphoyisa lokho kwaholela ekuboshweni kwakhe.√ (3)

11.4 Umlandi usitshela ngemizwa yokukhathazeka kwabalingiswa/ngesimo esingesihle njengoba uNdumiso ayekhuluma ngezwi elinomunyu.√ Aphinde asitshele ngemicabango yabalingiswa njengoba uMahlengi ecabanga ukuthi uNdumiso uyakubona lokho akucabangayo.√ Usitshela ngokwenzekayo, ukushalaza kukaMahlengi nokubuza ngolakana/UNdumiso unikina ikhanda.√ (Nezinye izimpendulo ezinembayo) (3)

11.5 Umbhali ucacisa ukuthi nakuba wayemxoshile futhi emdubile uMhlengi kwakusasho ukuthi ungumzali wakhe nazikhulisela yena kwakungelula ukuba avele nje amdube unomphelo√ ngakho-ke ukufika kukaNontobeko kwaluvusa loluya thando/kwalibuyisela naleliya themba ayenalo ngoMhlengi wakukhohlwa konke√ nokuthi kwakungenzeka ukuthi uMhlengi akazange aqhubeke nokuba 'i-*gay*'.√ (3)

11.6 Impilo kaNkululeko yayizoba yinhle ngoba wayengaphindela ezintombini zakhe ayesezalile acele uxolo abhekisise okuyiyona eyayingaba inkosikazi yakhe.√ Wayengazinika isikhathi esanele sokufunda umuntu athandana naye ngaphambi kokuba amlobole√ ukuze kungaphindi lokhu okwenzeke phakathi kwakhe noNontobeko.√

NOMA

Impilo kaNkululeko yayingeke ibe yinhle ngoba uNkululeko wayengeke aphinde afune ukubona uNontobeko empilweni yakhe√ lokho bese kwenza ukuthi angabe esabathemba abantu besifazane√ aze agcine eseyimpohlo engaganwanga.√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo). (3)

11.7 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi abantu sebephila esikhathini lapho sebenamalungelo okwenza abakuthandayo nabafuna ukuba yikona kodwa abazali bona abakakwamukeli ukuba abantwana babo babe ngama, '*gay* '√ njengoba noNgidi wakhetha ukuyixosha indodana yakhe okukuphela kwayo uma imtshela ukuthi ithandana nabantu bobulili obufana nayo.√ (2)

11.8 Isenzo sikaXolani simveza njengomlingiswa onguthathekile nongathembekile/ongazihloniphi izifungo zomshado.√ Uthe eqala nje ukubona uMahlengi wabe esemthanda njalo, wakhohlwa nawukuthi uganiwe kanye nesithembiso ayesenzile sokuhamba nomkakhe nezingane ukuya emcimbini.√ (2)

11.9 Kwamukelekile ngoba kumele ube neqiniso kuwe futhi ukwazi ukudlulisa imizwa yakho ukuze ukwazi ukuqhubeka nempilo√ njengoba uNontobeko wazidela wayofuna uMhlengi ngoba wayesamthanda engakholwa ukuthi kwabe sekuphele ngempela ngabo.√ (Nezinye izimpendulo ezinembayo)

NOMA

Akwamukelekile ngoba kumele uziqhenye ngobuwena ungazehlisi isithunzi kumuntu wesilisa njengoba uMhlengi wayemalile uNontobeko√ futhi wayeseyingoduso yomuntu kwakumele aqhubeke nomshado ahloniphe abasemzini wakhe nabazali bakhe.√ (Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)

11.10 Indikimba yale noveli uthando kanti nala mazwi avame ukushiwo abantu abathandanayo uma bevalelisana omunye engenzi ngendlela abavamise ukwenza ngayo.√ La mazwi akhombisa ukukhathazeka nokungajabuli kukaNdumiso, amenza abenokusola ukuthi kungenzeka uMahlengi useqomile noma kukhona ofuna ukumthathela uMahlengi njengoba efica uMahlengi esesimeni sokungamkhombisi uthando alujwayele.√ Akhombisa ukuthi uMahlengi usephelelwa uthando lukaNdumiso futhi usehluleka nokuzenzisa.√ (3)
[25]

UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)

USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi

QAPHELA:

- Ohlolwayo kulindeleke ukuthi abhale impendulo yombuzo njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mbuzo kubhekwa impumelelo yombhali ekudluliseni umyalezo ubhekiswe kubalingiswa abanikeziwe.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
  - Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze impumelelo yombhali ekudluliseni umyalezo kanye nomphumela.
  - Umzimba: Ohlolwayo makaxoxe abuye asekele umyalezo nomphumela kusukela ekuqaleni kuze kufike ekupheleni kwenoveli.
  - Isiphetho sempendulo: Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nempumelelo yombhali ekwethuleni umyalezo nemiphumela kule noveli.

ISINGENISO

Umyalezo yilokho umbhali asixwayisa noma aseluleka ngakho enovelini/yisifundo esitholakala uma sifunda inoveli. Umyalezo uchaza ukuthi umbhali ubehlose ukusazisani ngokubhala le ndaba. Umyalezo wale noveli uthi: Ukuthanda imali ngokweqile kungaba nemiphumela engemihle empilweni yethu nakwabanye abantu.

UMZIMBA

UChule

Ukuthanda imali kukaChule ngokweqile kwadala le miphumela engemihle elandelayo:

- Ukuqola abafelokazi imali ababeyishiyelwe abayeni babo kwagcina kumhlukanise nomkakhe uMaMkhabela.
- Washada noMaDludla umshadombumbulu ukuze afinyelele emalini yakhe, wamlahla uma isiphelile kwaba nomphumela wengxabano phakathi kwabo. UMaDluldla ngenxa yentukuthelo washaya uChule noNomvula ngamaqanda mhla beshada.
- Wangenelwa ukuthanda ukuba yonke le mali yabo noNomvula ize ngakuye ngoba wayesola ukuthi uNomvula uzobuyelana noGenyeza futhi babenganaye umntwana.
- Wakha itulo lokubulala uMirriam. Lokhu kwaba nomphumela ongemuhle ngoba kwagcina kushone yena kuleyo ngozi.

UDaffo

Wayethanda imali ngokweqile njengomngani wakhe uChule kwadala le miphumela engemihle elandelayo:

- Wayesemkhankasweni munye noChule. Ngenkathi kuyolotsholwa emaNgwaneni wazama ukulobola ngemali ababengavumelananga ngayo benoChule. Kwaba nomphumela wokushaywa wadatshukelwa nayizimpahla ayezigqokile.
- Wayesefuna uNomvula naye ayemnyonyobela ngenkathi uChule esesibhedlela. Kwaba nomphumela omubi ngoba uChule wathi angakuzwa lokho waziphindiselela. Wamthenga njengesiboshwa esasizomsebenzela wabukisa ngaye kwabanye abantu. Wamxabanisa noMaNgcobo umkakhe
- Walimala mhla babethi bayobulala uNomvula benoChule wagcina ngokuboshwa.

UMeyili

- Wayethanda imali ngokweqile kwadala le miphumela engemihle elandelayo:
- Waxabana noMaNdelu ngoba ethi kungani uNomvula abhalele yena emazisa ngomcebo awuzuzile.
- Wathatha imali kaMaNdelu okwamxabanisa nomkakhe uMaHadebe.
- Wathukuthela uma ebona ukuthi uNomvula uyalotsholwa wabuza abakhongi ukuthi kungani bebengamloboli ngenkathi engakabi nemali.

UMaHadebe

- Wayethanda imali ngokweqile kwadala le miphumela engemihle elandelayo:
- Wahlela ukuba kubulawe uMaNdelu noNomvula ngokubadlisa ushevu. Kwagcina kufe inja eyadla leyo nyama. Ubudlelwano bakhe noMaNdelu noNomvula bathikamezeka ngoba base bazi ukuthi ubefuna ukubadlisa ushevu. Bagcina bengasakudli nhlobo ukudla okuphekwe nguye.
- Wahlela nendodana yakhe uMahuzu ukuba iyohlasela ibulale uNomvula kodwa kwashona yona engozini yemoto nabangani bayo uMsonteni noMchitheni, Wacishe washona naye uMaHadebe ngemuva kokuzama okwesibili ukudlisa uNomvula noMaNdelu ushevu kwadla yena samjuqa isisu.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa izinqumo kanye nemiphumela yazo ukuphendula umbuzo).

Isiphetho (uvo lohlolwayo)
Umbhali uphumelele ukwedlulisa umyalezo wokuthi akukuhle ukuthanda imali ngokweqile ngoba kungaba nemiphumela engemihle kithina nakwabanye abantu.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, bakhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo). **[25]**

UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

13.1 Isimo senhlalo sihle.√ UChule ujabule uma ebona uNomvula ejabulela umuzi wakhe omuhle sengathi kukwamlungu wakhe/kukwaDicey.√ (2)

13.2 Ukubona ukuthi uNomvula akaboni ukuthi usesezingeni lezinjinga√ futhi usengaziqashela isisebenzi uma ethanda.√ (2)

13.3 UMchitheni noMsonteni babehlasele uNomvula kodwa bangaphumelela ngoba uNomvula walwa nabo.√ Kwaqhamuka uChule wamlamulela ezigebengwini.√ UChule wathumela uDaffo owazenza iphoyisa wabopha uGenyeza ukuze angabi isiphazamiso sokuthi athathe uNomvula lokho kwagcina ngokuba avume ukuhamba noChule.√ (3)

13.4 Umlandi usitshela ngemizwa yokujabula kwabalingiswa njengoba uChule noNomvula bechwathika bebuka umuzi kaChule.√ Aphinde asitshele ngobuhle bomuzi kaChule owawunokhaphethe ocwilisa izinyawo.√ Usitshela ngomsebenzi wasendlini kaChule uNtombi Zwane.√
(Nezinye izimpendulo ziyokwamukeleka) (3)

13.5 Umbhali ugqamisa ukuhlalisana kahle komphakathi kanye nobuntu ababa nabo njengomakhelwane√ njengoba UMaSikhakhane wezwa uMaHadebe ekhuluma noMaNkwanyana mayelana nomuthi wediphi owawuzolandwa uMaHadebe ukuze abulale uMaNdelu.√ UMaSikhakhane wakwazi ukuthumela ingane ukuba iyotshela uMaNdelu ukuthi makangadli lutho alunikwayo ngalolo suku.√ (3)

13.6 Wawungaba mubi, uGenyeza wayengagcina engabuyelananga noNomvula ngoba umculo wawungeke ufinyelele kuChule njengoba wagcina uxabanise uChule noNomvula.√ Wayengagcina eshade nomuntu angamthandi ngoba inhliziyo yakhe yayiselokhu ikuNomvula√ futhi wayengeke agcine eyisigwili.√ (Nezinye izimpendulo ezinembayo)

NOMA

Wawungaba muhle, uGenyeza wayezoqhubeka nokusebenza emakhishini√ adlale isiginci sakhe ajabulise abangani bakhe√. Wayezohlalela ethembeni lokuthi uMirriam wayezobuya ngelinye ilanga baqhubeke nothando lwabo. √ (Nezinye izimpendulo ezinembayo) (3)

13.7 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi ubaba wekhaya uyahlonishwa akaphazanyiswa uma esakhuluma nomunye umuntu √ njengoba uMeyili wayephazanyiswa nguMaHadebe uma ekhuluma noMaNdelu lokho kwadala ukuthi uMeyili acasuke athethise uMaHadebe.√ (2)

13.8 Simveza njengomlingiswa onomona nongakwazanga ukuzwela udadewabo ngenxa yokuthanda imali√ njengoba enza ubugebengu nabangani bakhe bokuthi baye komdlisa umuthi ayewunikwe unina uMaHadebe.√ (2)

13.9 Samukelekile ngoba kwasekukuningi okubi uDaffo ayemenze khona efuna ukumbulala ehlangene noChule√ njengoba engagcinanga ngokuhlukumeza yena kuphela wabophisa ngisho uGenyeza ezenza iphoyisa.√

NOMA

Akwamukelekile ngoba kwakufanele uma exolisa uDaffo ngezenzo zakhe ezimbi amxolele√ njengoba wayeseboshiwe esegwetshelwe wonke amaphutha akhe.√ (2)

13.10 Indikimba yale noveli umcebo kanti la mazwi asho ukuthi ukuhlakanipha akukho ebaleni lomuntu kepha kumele usebenzise ingqondo ukuze uthole izinto.√ UChule uqhoshela uNomvula ngomcebo anawo awuthola ngokusebenzisa ingqondo okwenza waba nendlu enhle efana neyabelungu√ lokhu kuyayigqamisa indikimba yomcebo ngoba konke anakho uChule ukuthole ngokusebenzisa ingqondo.√ (3)
[25]

UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)

KUNJALO-KE – ME Wanda

QAPHELA:

- Ohlolwayo kulindeleke ukuthi abhale impendulo yombuzo njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mbuzo kubhekwa impumelelo yombhali ekudluliseni umyalezo ubhekiswe kubalingiswa abanikeziwe.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

    - Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze impumelelo yombhali ekudluliseni umyalezo.
    - Umzimba: Ohlolwayo makaxoxe abuye asekele umyalezo nomphumela kusukela ekuqaleni kuze kufike ekupheleni kwenoveli.
    - Isiphetho sempendulo: Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nempumelelo yombhali ekwethuleni umyalezo kule noveli.

ISINGENISO

Umyalezo yilokho umbhali asixwayisa noma aseluleka ngakho enovelini/yisifundo esitholakala uma sifunda inoveli. Umyalezo uchaza ukuthi umbhali ubehlose ukusazisani ngokubhala le ndaba. Umyalezo wale noveli uthi: Ukungabi nesimilo esihle kungaba nemiphumela engemihle empilweni yethu neyabanye abantu.

Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nomyalezo kule noveli.

UMZIMBA

UDumazile

Ukungabi nesimilo esihle kukaDumazile esemncane noma eseganile kwadala le miphumela engemihle elandelayo:

- Ukuqoma uthisha uMoloi ebe eyingane yesikole okwaba nomphumela wokukhulelwa ingane kaMoloi nokuxabana noMisi Hlophe bebanga uMoloi
- Ukuxoshwa kukaDumazile esikoleni kunomphumela omubi ngoba kugcina kuxabanise abazali bakhe.
- Ukuqoma uSithole ngemuva kokuxoshwa nguMaNzimande emzini kaSithole kwagcina kunomphumela wokukhulelwa ingane kaSithole.
- Ukuhlela isu lokushisa isitolo sikaSithole kwaba nomphumela wokuthi uSithole agcine esehlupheka ngoba umshwalense wala ukusikhokhela.
- Ukuba nobudlelwano bezocansi noMthovovo, nokubuyelana noMoloi noSithole kwaba nomphumela wokuxabana nomyeni wakhe uMtalaselwa waze wamshaya, izingane zakhe zasala zodwa uLerato waphuma nasesikoleni.
- Ukubuyelana kukaDumazile noyise bezingane zakhe kwaba nomphumela wokugcina etheleleke ngegciwane lesandulelangculazi alidlulisela kumyeni wakhe uMtalaselwa. Kwatheleleka noMaNzimande bagcina bebulewe isifo sengculazi bonke.

UMoloi

Ukungaziphathi kahle kukaMoloi ebe enguthisha futhi eganiwe kwadala le miphumela engemihle elandelayo:

- Ukushela uDumazile eyingane yesikole ebe eganiwe futhi enomntwana noMisi Hlophe ofundisa kuso lesi sikole kwaba nomphumela wokuba agcine exoshiwe uMoloi emsebenzini wamiswa iminyaka emihlanu engaqashwa nguHulumeni.
- Ukubuyelana noDumazile kanti uDumazile usegane uZuma kwaba nomphumela wokulwa noSithole ngoba beficane emzini kaSithole bebanga uDumazile.

USithole

Ukungaziphathi kahle kukaSithole ebe eganiwe kwadala le miphumela engemihle elandelayo:

- Ukwehluleka ukuqonywa uDumazile ngemuva kokumeshela kwaba nomphumela wokulanda inyanga ukuze amfake intando kwagcina kumxabanise nomkakhe uMaNzimande.
- Ukuthengela uDumazile umuzi kwaba nomphumela wokuthi uDumazile agcine esefaka uMoloi uyise kaLerato kuwo. USithole wazithola eselwa noMoloi ngenxa yalesi senzo sikaDumazile. Wahlala noMtalaselwa kuwo owayengumyeni wakhe, uMtalaselwa wagcina eseshaye uDumazile ngenxa yokufaka uSithole emzini wakhe.
- Ukuthengela uDumazile imoto ashayisa ngayo uDumazile engenazo izincwadi zokushayela futhi ingenawo umshwalense kwaba nomphumela wokuthi uSithole angene ezikweletini agcine ngokuboshwa.

UMaNzimande

- Ukukholelwa kukaMaNzimande amahebezi ayelethwe nguLizzy mayelana nokuthandana kukaSithole noDumazile. Lokho kugcine uMaNzimande ehilizisana noSithole ethi makuxoshwe uDumazile emzini wabo.
- Kwabuye kwaholela ukuba uSithole aqhubeke nokuthandana noDumazile aze ayomakhela umuzi eMlazi.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa izinqumo kanye nemiphumela yazo.ukuphendula umbuzo).

ISIPHETHO (uvo lohlolwayo)

Umbhali uphumelele ukudlulisa umyalezo nemiphumela yokuba nesimilo esingesihle kule noveli esebenzisa amaphuzu angenhla. Nathi sifundile ukuthi ukungabi nesimilo esihle kungaba nemiphumela engemihle empilweni yethu neyabanye abantu.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo). **[25]**

UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)

KUNJALO-KE – MJ Wanda

15.1 Isimo senhlalo asisihle.√ Unina kaDumazile ubonisa uDumazile ngokubaluleka kokusetshenziswa komuthi ngabantu aphinde ameluleke naye ngokuwusebenzisa ukuze avikeleke emsebenizini wakhe.√ (2)

15.2 Ukuzwa ukuthi uma engayisebenzisi imithi angagcina enesigcwagcwa√ futhi aphelelwe umsebenzi.√ (2)

15.3 UDumazile emuva kokuba esebelethile wathola umsebenzi kwaSithole ukuze ondle ingane yakhe.√ ULizzy watshela uMaNzimande ukuthi uDumazile uphathiswa okukamedemu nguSithole.√ UDumazile wagcina ngokuba axoshwe kwaMaNzimande wahlala esitolo.√ (3)

15.4 Umlandi usitshela ngemizwa yokukhathazeka kwabalingiswa njengoba uDumazile ethuswa udaba lokulahlekelwa umsebenzi.√ Aphinde asitshele ngeziyalo zikanina kaDumazilemayelana nokusebenzisa umuthi njengoba wayenenkinga emsebenzini.√ Usitshela ngokwenzekayo njengoba echazile ukuthi uDumazile akamoshanga sikhathi waya kwaMakhwashube ukuyofuna imithi ukuze avikeleke.√
(Nezinye izimpendulo ziyokwamukeleka) (3)

15.5 Umbhali ugqamisa ukuthi abantu abasebenzela abanye abantu ababi nobuntu, kuba lula ukuba bahlangane ngomqashi wabo bese becekela impilo yakhe phansi√njengoba uMthovovo noDumazile benze itulo lokutshontsha esitolo sikaSithole bese beshisa isitolo ukuvala ubufakazi bathembisana ukucazelana imali eyayizotholakala uma konke kuhambe kahle.√√ (3)

15.6 Kwakungaba kuhle, uMtalaselwa wayengeke atheleleke kalula ngegciwane lengculazi.√ Wayengaqhubeka ahlale kubo nentombazane ayesethandane nayo isikhathi eside futhi kube nokuzwana phakathi kukamakoti wakhe nomama wakhe.√ Wayengeke athole ukuphoxeka ngenxa yodaba olwaphuma emsakazweni lokulwa kobaba bezingane zikaDumazile emzini wakhe. √ (3)

15.7 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi akulula ukukhulisa izingane ezinobaba abahlukene√ ngoba zihlala ngokuqhoshelana njengoba uLerato benoMtholephi babenakho ukudelelana ngobaba babo ababengaphili impilo efanayo.√ (2)

15.8 Simveza njengomlingiswa onesikhwele/ongavuthiwe ngokomqondo nothathela izinto phezulu√ njengoba wakwazi ukuqonda uDumazile wambuza ngokuthandana kwakhe noMoloi. Waphinde wamtshela nokuthi futhi ngeke amfundise.√ (2)

15.9 Samukelekile ngoba wayengahlukanisanga noMaNzimande nakuba wayemshiyile wayohlala noDumazile futhi kwakusewumuzi wakhe.√√

NOMA

Asamukelekile ngoba kwakufanele azifunele enye indawo yokuhlala njengoba ayemshiyile uMaNzimande nezingane behlupheka okwagcina kwenze uMaNzimande ayofuna umsebenzi emakhishini.√√ (2)

15.10 Indikimba yale noveli imayelana nesimilo esixegayo kanti la mazwi anokujeqeza emuva ngoba unina kaDumazile ukhumbula indlela ababephatheke kabi ngayo ngenkathi uDumazile efika nesisu ngenxa yokuthi wayekhuleliswe nguthisha uMoloi yena ebe eyingane yesikole.√ Ngakho-ke la mazwi ayayigqamisa indikimba yesimilo ngokuthi uDumazile kunezinsolo zokuthi uthandana nomnikazi wesitolo uSithole okungagcina naye emkhulelisile√ baphinde baphatheke kabi abazali.√ (3)
[25]

UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)

IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi

QAPHELA:

- Ohlolwayo kulindeleke ukuthi abhale impendulo yombuzo njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mbuzo kubhekwa impumelelo yombhali ekudluliseni umyalezo ubhekiswe kubalingiswa abanikeziwe.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
    - Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze impumelelo yombhali ekudluliseni umyalezo.
    - Umzimba: Ohlolwayo makaxoxe, acaphune abuye asekele umyalezo nomphumela kusukela ekuqaleni kuze kufike ekupheleni kwenoveli.
      o Isiphetho sempendulo: Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nempumelelo yombhali ekwethuleni umyalezo nemiphumela kule noveli.

ISINGENISO

Umyalezo yilokho umbhali asixwayisa noma aseluleka ngakho enovelini/yisifundo esitholakala uma sifunda inoveli. Umyalezo uchaza ukuthi umbhali ubehlose ukusazisani ngokubhala le ndaba. Umyalezo wale noveli uthi: Ukungawazisi umndeni wakho kuba nemiphumela engemihle empilweni yakho.

Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nomyalezo kule noveli.

UMZIMBA

UBafana

Ukuba yisifundiswa kukaBafana kwenza ukuba uBafana awubukele phansi/angawazisi umndeni wakhe. La maphuzu alandelayo akhombisa izinto ezenziwa uBafana ukungawunakekeli umndeni wakhe:

- UBafana uxosha umalume wakhe kabuhlungu uma ezocelela izingane zikaLinono indawo yokuhlala.
- Ukungazwani kukaBafana noPoppie kwenza u-Euthenasia eqe ekhaya.
- UBafana akanasikhathi sezingane zakhe.
- UBafana uba nomona ngokuzithuthukisa kukaPoppie ngokufunda umtshela nokuthi akayeke ukufunda.
- Ukuhluleka kukaBafana ukubhekana nezinkinga zasemzini wakhe kwamenza walifulathela ikhaya.
  Umphumela wokungawazisi umndeni empilweni kaBafana:

- Udlala izingane zikamasihlalisane wakhe uMaMthunzi, uPrisca ushayisa imoto yakhe futhi uMgwazeni uthembisa ukumbulala. Wagcina nakhona ehambile waya KwaMashu.
- UBafana KwaMashu uba yisimba sethwasa uMaMsibi.
- UBafana ulimaza imoto kaSibeko okwenza ukuba uMaMsibi anqume ukuthi makahambe ayofuna umndeni wakhe ukuze kuphele la mabhadi amlandelayo uBafana.
- UBafana unquma ukuphindela kubo eMpaphala emuva kokuhamba isikhathi eside ukuze ayoxolisa kumalume wakhe uCele.

UPoppie

- UPoppie unqaba ukwamukela izingane zikaLinono kwala noma ozakwabo emsebenzini bemncenga ukuthi azithathe.
- UPoppie uma eshayelwa ucingo uHlanganisani efuna ukumazisa ngo-Euthenasia akamemukeli kahle njengelunga lomndeni.
- UPoppie uthengela u-*Euthenasia* imoto ngaphandle kokubonisana noBafana.
- UPoppie ukhombisa ukuba nomona ngoHlanganisani no-Uzithelile ngoba bekhombisa ikhono eliphezulu emqhudelwaneni wokugijima. Ucabanga nokubathakatha.
  Umphumela wakungawazisi umndeni empilweni kaPoppie:
- UPoppie ushiywa umyeni wakhe uBafana.
- U*Poppie* uyawa ugcina esehamba ngodondolo, engasahambeli phezulu, okwakungenzeka ukuthi wayeshaywa abaphansi ngoba engazimukelanga izingane zikaLinono ekubeni engumakoti kwaNgubane.

(Umfundi angasebenzisa namanye amaphuzu ukuphendula umbuzo.)

ISIPHETHO (uvo lohlolwayo)

Umbhali uphumelele ukudlulisa umyalezo wokuthi, 'ukungawazisi umndeni wakho kuba nemiphumela engemihle. Nathi sifundile ukuthi ukuziphakamisa kukaBafana no*Poppie* nokungawuthandi umndeni kungaba nemiphumela engemihle empilweni yethu neyabanye abantu.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.) **[25]**

UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)

IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi

17.1 Isimo senhlalo asisihle.√ UHlanganisani akavumelani nesenzo sikaVikizitha/Euthenasia sokweqa ekhaya/sokuhamba engabazisile abazali ngoba lokho kubonisa ubugwala.√ (2)

17.2 Yingoba uMaMthimkhulu wayethi akasheshise akhulume ngoba yena akanasikhathi sakhe kanti uHlanganisani wayefuna ukumazisa ngoVikizitha/ Euthenasia.√ (2)

17.3 U-Euthenasia watshontsha imoto ka-*Miss Hawkins* okwaholela ekutheni uBafana bangaboni ngeso linye.√ UMaXakushe watshela uBafana ukuthi u-*Euthenasia* wayetshontsha imali yakhe aye kade emcela ukuthi ayiposele ekhaya.√ UBafana waxoxa no-Euthy mayelana nezimpahla zokugqoka kanye nesenzo sokutshontsha imali kaMaXakushe lokho kwagcina ekuholeleni ukuthi uEuthy eqe ekhaya.√ (3)

17.4 Umlandi usitshela ngemizwa yokukhathazeka kwabalingiswa njengoba uHlanganisani ebuza ngokudumala ukuthi u-Euthenasia ubazisile yini abazali bakhe ukuthi uza Eshowe.√ UHlanganisani beno-Euthenasia bayahamba bayoshayela uMaMthimkhulu ucingo esigxotsheni.√ UHlanganisani wayephendula uMaMthimkhulu ngomoya ophansi lokho okwakukhombisa ukuthi uHlanganisani ungumntwana ohloniphayo/okhathazekile ngo-Euthenasia.
(Nezinye izimpendulo ziyokwamukeleka) (3)

17.5 Umbhali usicacisela ukuthi kwesinye isikhathi kuke kube khona ukungenelela kwedlozi ukuze kube khona ukusizakala kumuntu√ uMaMsibi njengethwasa wabona ukuthi kukhona okungahambi kahle empilweni kaBafana.√ Watshela uBafana ukuthi akahambe ayobuyisana nomndeni wakhe njengoba agcina ebuyele kubo eMpaphala bamemukela isimo saphinde saba sihle.√/Inhloso yombhali ukusivezela izinga likaNgubane elase lehle ngayo.√ Inhlupheko yamenza wayohlala emzini wethwasa√ wagcina esenza imisebenzi ayengayicabangi ukuthi wayengayenza empilweni yakhe.√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (3)

17.6 Wawungaba mubi ngoba wayengamiswa esikoleni okwesikhashana bese edlulwa ezinye izifundo.√ Wayengagcina engene ebugebengwini aqhubeke nokuthatha/antshontshe izimoto bese egcina ngokuboshwa.√ Wayengantshontsha imali yabazali bakhe futhi aphinde ahambe nasekhaya angaziwa ukuthi washonaphi.√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (3)

17.7 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi abantu uma beganene mababe nakho ukubonisana ngaphambi kokuba benze izinto√ njengoba uMaMthimkhulu athengela izingane imoto engavumelananga/engabonisananga noNgubane okwenza ukuba inhlalo ingabe isaba yinhle phakathi kwabo bobabili.√ (2)

17.8 Simveza njengomlingiswa okhaliphile nokhathalele umphakathi wangakubo√ njengoba wayeka ukwenza umsebenzi ayewufundela phesheya waqoma ukuthuthukisa umphakathi wangakubo kwezolimo ukuze bangaphinde bahlupheke/balambe.√ (2)

17.9 Asamukelekile ngoba uMgwazeni uyingane kuBafana kumele amhloniphe njengoba wayesazwana nomama wakhe.√ UMgwazeni wanquma ukuvuna u*Prisca* waze wafaka nomoya omubi wokuthi uBafana akasule icala ngaphandle kwalokho wayezombulala.√ (2)

17.10 Indikimba yale noveli imayelana nokubaluleka komndeni kanti la mazwi asho ukuthi uPoppie akanayo indlela ekhombisa ukubaluleka komndeni/ubuntu uma ekhuluma noHlanganisani ocingweni.√ Ngakho-ke la mazwi ayayigqamisa indikimba ngokuthi uPoppie wayevele engazithandi/ engazamukeli izingane zikaLinono√ njengoba wayengenandaba nomndeni ayeganele kuwo.√ (3)
[25]

UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)

UBUCIKO BOMLOMO

***UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba**

QAPHELA:

- Ohlolwayo kulindeleke ukuthi abhale impendulo yombuzo njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mbuzo kubhekwa impumelelo yombhali ekwethuleni umyalezo kanye nemiphumela yawo.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

    - Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze impumelelo yombhali ekudluliseni umyalezo.
    - Umzimba: Ohlolwayo makaxoxe, acaphune abuye asekele umlayezo kusukela ekuqaleni kuze kufike ekupheleni kobuciko bomlomo.
    - Isiphetho sempendulo: Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nempumelelo yombhali ekwethuleni umyalezo kulobu buciko bomlomo obehlukene. **[25]**

ISINGENISO

Umyalezo yilokho umbhali asixwayisa noma aseluleka ngakho/yisifundo esitholakala uma sifunda ubuciko bomlomo. Umyalezo uchaza ukuthi umbhali ubehlose ukusazisani ngokubhala lobu buciko bomlomo. Umyalezo walobu buciko bomlomo:

Inganekwane: Isibindi SikaGala kaNodade Biyela- umyalezo othi: *Noma ngabe isimo sinzima kangakanani kepha kumele ube nesibindi sokulimela iqiniso.*
Izibongo: Usuku Lwamagugu–umyalezo othi: *Uma unikiwe ithuba lokuzigqaja ngobuzwe bakho yiba nesibindi ungabi namahloni kulokho okholelwa kukho.*
Ihubo: Isencane Le Ngane–umyalezo othi: *Oganayo/Owendayo makabe nesibindi sokubhekana nomendo.*

Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nomyalezo kulobu buciko bomlomo.

UMZIMBA

Isibindi sikaGala kaNodade Biyela

UGala wabonakalisa isibindi ngalezi zindlela ezilandelayo:

- UGala waqunga isibindi wabiza umhlangano ukuze azise umndeni wakwaBiyela ukuthi usethathe isinqumo sokuyokweluleka inkosi uShaka ukuthi ixole ngokushiywa unina uNandi.
- UNsana oyilunga lomndeni waba novalo ngesicelo sikaGala weluleka ngokuthi akukho okungenziwa ngoba kwabe kuzile isizwe sonke, washo ukuthi bangabulawa uma kungatholakala bebambe umhlangano kusaziliwe, wabaleka washiya umhlangano.

- Kwathi noma amanye amalunga omndeni ekhuza ngoba esaba inkosi uShaka, nenkosikazi kaGala ishaywa uvalo ikhala kepha isibindi sikaGala samenza waphokophelela ukuyoluleka inkosi yize ayazi ukuthi kwakunzima ngoba uShaka wayesatshwa kakhulu. Umuntu obhekana nenkosi uShaka wayebulawa.
- UGala wazishaya indiva izeluleko zabozalo waqonda enkosini ukuze ayeluleke ngokuphela kwesizwe ngenxa yendlala eyeluleka nokuthi ixole.
- Izeluleko zikaGala yazithatha inkosi ngoba yasibona isibindi nobuqhawe bokulimela iqiniso yambonga uGala ngobuqhawe bakhe kwaba ukuphela kokuzila.

KANYE

Usuku Lwamagugu

- Imbongi ithi mayinikwe ithuba lokwenza okumayelana nesiko lwayo ngaphandle kokuba namahloni.
- Imbongi ithi mayivunyelwe ukusina, ihlobe ngokwesiko layo noma ngabe isikhuluma ezinye izilimi.
- Imbongi isebenzise umugqa othi, 'Engehlisa izinga ngamamodeli' ukugqamisa ukuthi akumele uzinyeze ngobuwena wenze okwezinye izizwe ugcine usulahlekelwe okuwusiko lwakho ngoba bekubukela phansi konke okuwusiko lwakho.
- Imbongi isebenzise imigqa ethi: 'Mhlanganisi owehlukanise abantu
  Baveze ubunjalo babo'.
- Incoma lolu suku olunika izizwe ezahlukehlukene zaseNingizimu Afrika ithuba lokuba zizigqaje ngobuzwe bazo. Iphinde inxuse/icele ukuthi lolu bumbano lungapheli eNingizimu-Afrika.
- Imbongi iphethe ngokuthi le nyanga kaMandulo inika zonke izizwe isibindi sokwenza konke ezikholelwa kukho okungamagugu azo.

KANYE

Isencane Le Ngane

- Abahlabeleli badlulisa umyalezo ngokuhlabelelela lo oganayo ukuthi nakuba emncane ukhombisa isibindi sokubhekana nomendo ngakho-ke abasemzini abamsize uma efika emendweni.
- Bathi lo oganayo akanalo ulwazi lomendo ngakho-ke abasemzini abamkhulise bamkhombise indlela ukuze naye akwazi ukubhekana nomendo.

ISIPHETHO (uvo lohlolwayo)

Umbhali uphumelele kahle ukudlulisa imiyalezo eyahlukahlukene etholakala esingenisweni. Lokhu kufakazelwa umyalezo otholakala enganekwaneni omayelana nesibindi esakhonjiswa uGala. Ezibongweni udlulisa umyalezo omayelana nokuzigqaja ngobuzwe bakho. Ihubo lidlulise umyalezo womendo.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.) **[25]**

UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)

UBUCIKO BOMLOMO

19.1 Le ndaba yenzeka ehlathini√ngoba umlimi wayegawula ehlathini elalidume ngokuba nezinhlobo eziningi zezilwane.√ (2)

19.2 Usomabhizinisi wayexakekile emuva kokuthutha imali ngamasaka wayibeka ngasemnyango√ ngoba umnyango wawungasavuleki. Wayengasawakhumbuli kahle amagama okwakufanele awasho ukuze kuvuleke idwala aphume.√ Wayecabanga ukuthi abanikazi bemali babengambulala angaziwa ukuthi washonela kuphi futhi wawuzophela umcebo wakhe.√ (3)

19.3 Bobabili laba balingiswa babe nomhobholo.√ Usomabhizinisi wayefuna ukuthi imali kube ngeyakhe yedwa√ kanti nempisi yayifuna inyama yehhashi kube eyayo yodwa. √ (3)

19.4 Umxoxi uhlose ukuxwayisa abantu ukuthi umona awubuyiseli√ njengoba usomabhizinisi wacishe wafela ehlathini efuna ukuthi acebe ukwedlula wonke umuntu.√√ (3)

19.5 Umxoxi uqonde ukugqamisa ulwazi lwezinganekwane ukuthi iculo akusilo nje lokuzijabulisa kepha liba nomphumela wokwenzeka kwento ethile.√ Uma lingasakhunjulwa umxoxi nomlingiswa kuba nomphumela omubi njengoba usomabhizinisi wavaleleka ngenxa yokungakhumbuli.√ (2)

19.6 Umyalezo wale nganekwane uthi kumele waneliswe yilokho onakho njengoba inkosikazi ingakwazanga ukuthula yize yayeyaliwe umlimi, yafuna wonke lo mcebo ubuye ngakubo.√ Lokho kwadala ubungozi bokuthi usomabhizinisi acishe afe.√ (2)

19.7 Lesi saga sichaza ukuthi umuntu ohlakaniphile ngeke umthole ehamba ezikhukhumeza ngalawo mandla enhlakanipho yakhe ngaso sonke isikhathi.√ Ngakho-ke lo mugqa uhambisana nesaga ngoba uveza ukuthi uGcina akayena umuntu ohambe ekhuluma ngenhlakanipho yakhe kodwa ubonakala ngezenzo zakhe ukuthi uhlakaniphile.√ (2)

19.8 Le migqa ichaza ukuthi uma ungumuntu kumele ube nemisebenzi yakho emihle oyithole ngezindlela ezamukelekile nezifanele√ njengoba uGcina enempumelelo ngenxa yokusebenza kwakhe kanzima futhi engenasici/ engenamaphutha ona/adunga umsebenzi wakhe.√ (2)

19.9 Ukuphindaphinda kwamagama kugqamise imisebenzi emihle.√ Ezibongweni zikaGcina Mhlophe kutholakala ukuphindaphinda kwegama isihlahla okuchaza ubuhle bemisebenzi yakhe efaniswa nesihlahla√ kanti nasehubeni elithi, 'qhakaza' kuphindaphindeke igama elithi qhakaza ukuchaza imisebenzi emihle eyenziwe umzali ekukhuliseni kahle ingane.√ (3)

19.10 Lesi siphicwaphicwano sixhumana kahle nezibongo zikaGcina ngoba sichaza imibhalo ebhalwayo ibuye ifundwe√ kanti noGcina imisebenzi yakhe ibandakanya ukubhala ukufunda kanye nokufundisa,√ eminye imibhalo uyibhala bese eyixoxa ukuze ingene kahle kulowo osuke exoxelwa.√ (3)

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 25

ISIQEPHU C: IMIDLALO

UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)

KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo

- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo kubhekwa ukuvezwa komlingiswa ongummeleli.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
  Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze ummeleli.
  Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe.
  Isiphetho sempendulo (uvo lwakho): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nokuvezwa komlingiswa ongummeleli kulo mdlalo.

ISINGENISO

Ummeleli ngumlingiswa oyiqhawe lomdlalo. Indaba yonke incike kuye. Yize engekho kwezinye izehlakalo kodwa ziyamthinta ngandlela thize. Indaba yonke imayelana naye. Ubhekana nenkinga ethile ashikashikeke ezama ukuyixazulula. Kuyenzeka aphumelele noma ehluleke.

UMZIMBA Umlingiswa ongummeleli kulo mdlalo uMdaluli Memela.
Kungasetshenziswa lawa maphuzu ukuphendula umbuzo:

Unothando
- Uvezwe njengomlingiswa onothando nonakekela umndeni wakhe.
- Utholakala ehlezi nomndeni wakhe kuvulandi wakwakhe encokola nawo kumnandi.
- Ukhokha izindleko zikaLondiwe eKolishi lezobuChwepheshe.
- Ekudilizweni kwakhe emsebenzini uzama ukuvusa ikhono lakhe lokwakha izindlu ukuze angenise imali ekhaya.

Uyehluleka ukumelana nezinkinga
- Uya kuMbhebhezeli ngemuva kokuphupha ukuze amcebise ngephupho lakhe nangenkathi efike emzini kaSaziwayo Ntenga isikhathi ababevumelane ngaso sesidlulile, uChivenga esesebenza. Lokho okwadala ukuba axoshwe.
- Ucela uManqina ukuba achazele uMaMlanduli mayelana nodaba lokudilizwa kwabo emsebenzini.

Unodlame nesihluku
- Uba nodlame ekhaya nasemphakathini. Uduba ukudla akwenzelwe uMaMlanduli inkosikazi yakhe.
- Ufuna indabandaba ngenkani kumkakhe. Uze ushaya uMaMlanduli ngemvubu, uphinde ashaye noLondiwe ngempama amdabule umlomo uma ethi usiza unina.
- Uthembisa uLondiwe nodadewabo ukuthi uzobadubula ngesibhamu uma ebafica besekhona emzini wakhe ngemuva kokubaxosha.
- Uthakatha aze ashaye uChivenga kabuhlungu ngemolontshisi ngoba ethi umthathele umsebenzi wokwakha ayewuthenjiswe emzini kaSaziwayo Ntenga.

Uyacwasa

- Ucwasa ngokobulili kanye nangokobuzwe.
- Uhlukumeza inkosikazi yakhe kanye nezingane ngokubashaya ngoba egabisa amandla futhi azi ukuthi abanakuziphindiselela.
- Uqhakambisa ilungelo lakhe kunalelo likaMaMlanduli. Utshela uMaMlanduli ukuthi nenkomo iyalushayelwa ubisi lwayo futhi wamlobola ngakho-ke angeke amncengele ilungelo lakhe lasemshadweni elisemthethweni.
- Ubiza izingane zakhe ngonoyile.
- Ubiza uChivenga ngekwerekwere.

(Namanye amaphuzu ayovezwa ngabahlolwayo amayelana nokuvezwa komlingiswa ongummeleli).

ISIPHETHO (Uvo lomfundi)

UMdaluli uvezwe njengomlingiswa oyindilinga futhi okholekayo kulo mdlalo. Izimo abhakene nazo kulo mdlalo zimenze waguquguquka. Ubenothando enakekela umndeni wakhe ngenkathi isimo sezinto simhambela kahle esasebenza. Uthe angalahlekelwa umsebenzi waguquka wahlukumeza umndeni wakhe kanye namanye amalungu omphakathi.

(Abahlolwayo mababeke uvo lwabo, bakhombise ukuthi sebeyayiphetha impendulo yabo. Nezinye izindlela zokuvezwa kwabalingiswa zizokwamukelwa) **[25]**

UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

21.1 Isizathu ukuthi uMaMlanduli uyakhala futhi uyabalisa√ ngoba uMdaluli umhlukumeza ngokumshaya, efuna indabandaba ngenkani.√ (2)

21.2 Indikimba yalo mdlalo udlame lwasekhaya.√ UMdaluli uhlukumeza uMaMlanduli ngokulokhu emshaya, uqamba amanga nasemaphoyiseni okuthi bayazithokozisa nje. Ukhombisa udlame nasemaphoyiseni ngokungafuni ukungena evenini.√ (2)

21.3 Onolaka/Ongancengi/Otatazelayo nongakhombisi ukwazi umthetho√ njengoba engqongqoza ngesankahlu, ehleka engahleki ethembisa nokukhahlela isicabha futhi wagcina ngokusikhahlela.√√ (3)

21.4 Bobabili basebenzela uHulumeni futhi basiza umndeni wakwaMdaluli.√ UZayeke ufika njengephoyisa ukuzobopha uMdaluli ngesikhathi ehlukumeza umndeni wakhe√ kanti uZenyezile usiza uLondiwe ngokumcobela izindlela zokuqhubekela phambili nemfundo yakhe.√ (3)

21.5 Umbhali usicacisela ukuthi kunezinkolelo ezahlukene njengokukholelwa emaphusheni.√ Amaphupho akumele azitshwe ngoba asuke eyizinkomba zekusasa lethu nokuthi ayasilekelela ukugwema/ukuxazulula izinkinga√ njengoba uMdaluli aphupha iphupho elalibikezela izinhlupheko ezizayo okwathi maduzane naye uMdaluli wadilizwa emsebenzini kanjalo nempilo yasekhaya ayibange isaba yinhle.√ (3)

21.6 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi esikhathini samanje sekunamalungelo okumele ahlonishwe nokuthi izindaba zomndeni sezixazululwa ngoSonhlakalahle.√ Njengoba uMdaluli uma efuna indabandaba uMaMlanduli usebenzisa ilungelo lakhe lokwenqaba nendabandaba. Uma esehlukumeza izingane zakhe inkinga yazo ixazululwa oSonhlalakahle.√
(Nezinye izimpendulo ezithinta ukuhlukumeza) (2)

21.7 Wawuzoba mubi ngoba wawuzoqhubeka umoya ushube noma ube mubi ngoba uMdaluli wayengeke alibone iphutha.√ Wayezoqhubeka ahlukumeze umndeni wakhe, izingane zigcine sezibalekile ekhaya.√ UMdaluli wayengagcina embulele uMaMlanduli noma yena uMaMlanduli agcine ezibulele.√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (3)

21.8 Lesi simo sokukhuluma siyihaba sichaza ukuthi izinyembezi zaziziningi kakhulu zigcwele ubuso√ ngakho-ke sibe nomthelela wokuthi ngiqonde ukubona ukuthi inkulu le nto eyenziwa uMdaluli kuMaMlanduli/ubuhlungu beminjunju yokushaywa kukaMaMlanduli.√ (2)

21.9 Ngiyavumelana. UHeshane owayesebenza emNyangweni wezaSekhaya wayeshadisa abantu ngomgunyathi njengoba enza ubuqili bokushadisa uHlengiwe noChivenga,√ wagcina etholakele wamiswa emsebenzini.√ (2)

21.10 Umbhali uphumelele kahle ngoba ummeleli onguMdaluli uyethulwa.√ Kwethulwa isisusa sodweshu okuwudweshu lwangaphakathi olususwa yiphupho lesiphepho. Kwethulwa nesizinda okuyinkathi yamanje lapho amaphupho echazwa ngezincwadi,√ sithola indawo yasemalokishini lakwaChappies emzini kaMdaluli√ kanye nesimo senhlalo esiqala sisihle ngoba uMdaluli uphila kahle nomndeni wakhe.√ (3)
[25]

UMBUZO 22 (UMBUZO OMUDE)

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo kubhekwa ukuvezwa komlingiswa ongummeleli.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

  Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze ummeleli.
  Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe.
  Isiphetho sempendulo (uvo lwakho): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nokuvezwa komlingiswa ongummeleli kulo mdlalo.

ISINGENISO

Ummeleli ngumlingiswa oyiqhawe. Indaba yonke incike kuye. Yize engekho kwezinye izehlakalo kodwa ziyamthinta ngandlela thize. Indaba yonke imayelana naye. Ubhekana nenkinga ethile ashikashikeke ezama ukuyixazulula. Kuyenzeka aphumelele noma ehluleke.

UMZIMBA
Umlingiswa ongummeleli kulo mdlalo inkosi uSalimani.
Kungasetshenziswa lawa maphuzu ukuphendula umbuzo:

Unesibindi, nobuqhawe futhi akabesabi abelungu:
- Akazange esabe ukuphikisa isinqumo uHulumeni ayesesithathile sokuklanywa kabusha kwemingcele.
- Walumela lolu daba kwaze kwabizwa uSomtsewu ukuba azochazela isizwe ngalo.
- Washo ngomlomo wakhe ukuthi kunokuba kuwelwe uMngeni amanzi oMngeni ayophenduka igazi.

Ukhaliphile yize wayesekhulile:
- Wayeyazi yonke imingcele yezwe lobabamkhulu bakhe engayibukanga ebalazweni kanye nomlando wokufika kwabelungu. Ngenkathi ebizelwe enkantolo eMshwathi wakwazi ukuchazela uZithulele ngemingcele yendabuko yezwe lakhe engayibukanga ebalazweni njengoZithulele.
- Wenza nesu lokuba kube nokhetho kusetshenziswa ubhontshisi omnyama nomhlophe ukuze abantu bazikhethele bona ngodaba lokuklanywa kabusha kwemingcele.
- Akazange adikibale ngokwephucwa uMngeni enkantolo yaseMshwathi kodwa icala walidlulisela emajajini eMgungundlovu.
- Wagcina ngokubuyiselwa indawo yakhe.

Ubusa ngokwentando yeningi:
- Izinqumo ayezithatha wayezixoxa nabafowabo kanye nesizwe sonke.
- Wanikeza ibandla ukuba lithethe icala likaMphiliphili lokuba imbuka.
- Abesifazane nabo babeba ingxenye yezimbizo nokhetho. Ngenkathi kuzoba nembizo kaSomtsewu noVimbingwenya, wayalela ukuba kumenywe nabantu besifazane ngoba engakhethi bulili.

Unozwelo:
- Ngenkathi kuthethwa icala likaMphiliphili emzini wenkosi uSalimani eTsheni, sithola inkosi uSalimani imbuka sakumdabukela uMphiliphili.
- Wakhuza abafowabo ababefuna ukumudla luhlaza uMphiliphili. Babefuna ukumhlasela ngamazwi ngesenzo sakhe sokuthula nozungu oSomtsewu ababelwakhele inkosi.
- Wahlawulisa uMphiliphili izinkabi ezintathu yize induna yakhe uNomehlo ayibona incane le nhlawulo ngokwakhe wayefenele ukuhlawuliswa izinkabi ezinhlanu.

(Namanye amaphuzu ayovezwa ngabahlolwayo amayelana nokuvezwa komlingiswa ongummeleli).

ISIPHETHO (Uvo lomfundi)
USalimani uvezwe njengomlingiswa oyindilinga futhi okholekayo kulo mdlalo. Izimo abhekane nazo kulo mdlalo zimenze waguquguquka. Wayebanolaka nenkani uma ekhuluma noZithulele noSomtsewu ngodaba lwemingcele. Wayekhombisa inhlonipho, ubuntu kanye nozwelo uma ekhuluma nabantu besizwe sakhe kanye nabozalo. Konke lokhu ngalo mlingiswa ongummeleli kwenze ukuba umdlalo ube noheho futhi ukhule ngesivinini.

(Abahlolwayo mababeke uvo lwabo, bakhombise ukuthi sebeyayiphetha impendulo yabo. Nezinye izindlela zokuvezwa kwabalingiswa zizokwamukelwa.) **[25]**

UMBUZO 23 (UMBUZO OMFUSHANE)

AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa

23.1 Isizathu ukuthi uZithulele wayekade efuna ukuba uSalimani ambone ukuthi uyizwisise kahle le nkulumo yokuthi umngcele angeke kusaba umfula uMngeni kodwa sekuzoba umfula uMkhabela njengoba kusho uHulumeni.√√ (2)

23.2 Indikimba yomdlalo eyombangazwe.√ USalimani wayenolwazi olwalujulile lwemingcele yezwe lakhe futhi efunga egomela ukuthi uyosimela isizwe sakhe kwakungamane kuchitheke igazi kanye.√ (2)

23.3 Ongumkhohlisi/oyiqili,√ uZithulele uyambona uSalimani ukuthi indlela achaze ngayo ukuthi imingcele uyazi njengoba ezazi yena√ kodwa uZithulele uyaphikelela ukuba athembeke kubelungu ngokufuna ukuthatha ngenkani izwe likaSalimani.√ (3)

23.4 Bobabili bayizinduna zenkosi uSalimani kodwa okungumehluko abathembekile ngokufana.√ uNomehlo wayehlala ethembekile enkosini uSalimani noma kunezinkinga wayeyicebisa√ kanti uMphiliphili wagcina esengathembekile enkosini wayihlubuka wagcina eseyimbuka/esehambile wayokhonza kobelungu.√ (3)

23.5 Isizathu esokuthi abelungu sebefuna ukuklama imingcele kabusha ukuze bathathe izindawo zamakhosi,√ uSalimani utshela izinduna ngokufika kwabelungu okokuqala bagxumeka amatende, baqede bakha izindlu zodaka bagcina ngokwakha izindlu ngamatshe.√ Ngakho-ke ufuna bakhumbule ukuthi abelungu bangamaqili akumele bakuvumele konke abakushoyo ngoba bangagcina belithathile izwe.√ (3)

23.6 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi ngesikhathi sangaphambi kwenkululeko abantu abamhlophe babecwasa, beqola abantu izindawo zabo.√ njengoba uSalimani wayesethethiswa amacala ezinkantolo zikaHulumeni kuzanywa ukuphucwa izwe lakhe njengoba uZithulele ayethunywa uHulumeni ukuba amphuce izwe.√ (2)

23.7 Wawuzoba mubi ngoba umoya wawuzoqhubeka ushube njengoba kwasekuqaliwe ukulwa kwezigodi nabelungu futhi abelungu babengeke balibone iphutha labo lokuthi baqhubeke nokuklama imingcele.√ Okwakungaholela ekuchithekeni kwegazi kufe abantu abaningi ababengenacala.√ Kwakungaba namagqubu nenzondo engapheli abantu bagcine befuduka, kuhlukane isizwe sikaSalimani abanye bagcine bengamambuka.√ (3)

23.8 Lesi simo sokukhuluma siyihaba sichaza ukuthi ngeke ayekele abelungu baqhubeke nokuklama imigcele√ ngakho-ke sibe nomthelela wokuthi ngiqonde ukuthi uSalimani usekhathele indlela abelungu abenza ngayo yokuziklamela izwe lakhe wayezimisele ukulifela njengoba agcina eliqhubekisele icala enkantolo enkulu yaseMgungundlovu.√ (2)

23.9 Ngiyavumelana. UZithulele owayesebenzela uhulumeni watshela inkantolo ukuthi abantu bakaSalimani bahlasele abantu basemapulazini bakaMgqabula√ njengoba enza ubuqili bokufaka icala elingamanga ukuze uSalimani aphucwe izindawo, wagcina ngokuba alahlwe icala eNkantolo eMgungundlovu.√ (2)

23.10 Umbhali uphumelele kahle ngoba ummeleli onguSalimani uyethulwa.√ Kwethulwa isisusa sodweshu okuwudweshu lwangaphandle olususwa nguhulumeni ofuna kuklanywe imingcele kabusha ngokuthi abelungu bawele uMngeni.√ Kwethulwa nesizinda okuyinkathi yakudala lapho kusabusa amakhosi kuyiwo athatha izinqumo zokuklanywa komhlaba, sithola indawo yasemakhaya kanye nesimo senhlalo esiqala simuncu ngoba kunokubhekana ngeziqu zamehlo phakathi kukaSalimani noZithulele kubangwa imingcele.√ (3)
[25]

UMBUZO 24 (UMBUZO OMUDE)

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo kubhekwa ukuvezwa komlingiswa ongummeleli.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

  Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze ummeleli.
  Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe.
  Isiphetho sempendulo (uvo lwakho): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nokuvezwa komlingiswa ongummeleli kulo mdlalo.

ISINGENISO
Ummeleli ngumlingiswa oyiqhawe. Indaba yonke incike kuye. Yize engekho kwezinye izehlakalo kodwa ziyamthinta ngandlela thize. Indaba yonke imayelana naye. Ubhekana nenkinga ethile ashikashikeke ezama ukuyixazulula. Kuyenzeka aphumelele noma ehluleke.

UMZIMBA
Umlingiswa ongummeleli kulo mdlalo uPhindisiwe.
Kungasetshenziswa lawa maphuzu ukuphendula umbuzo:

Akanasimilo
- Usukele uNkululeko ehlezi nabangane bakhe wazishelela yena.
- Uthandana noNkululeko ngoba umyeni wakhe onguThamsanqa esahambe ngomsebenzi.
- Ugcina ethola ingane eyivezandlebe enguZiphozonke.

Unezimfihlo
- Ushayelwa nguNkululeko ucingo kepha uyenqaba ukutshela uMyeni wakhe onguThamsanqa ukuthi Isoka lakhe lakudala lifuna bahlele ubugebengu yize esemncenga, uyafunga uyagomela ukuthi ngeke amtshela ngoNkululeko uyoze angene egodini.
- Akamtsheli uThamsanqa ukuthi ingane yabo enguZiphozonke akusiyo eyakhe wayitholiswa nguNkululeko.
- Akabatsheli abakwaMathonsi lapho endele khona ukuthi wayenezingane ezimbili azithola ngaphambi kokuba ashade noThamsanqa.
- Akamtsheli umyeni wakhe uThamsanqa ukuthi uNkululeko wenza itulo lokuba abulawe ukuze kuzotholakala ifa lakhe.

Uyisigebengu
- Ushayisa ingane ngemoto qede uthenga uNkululeko ngemali ukuba amdonsele ejele ngecala elenziwe nguyena.
- Unquma ukuvumelana noNkululeko ukuthi kubulawe uThamsanqa ukuze bathole imali yomshwalense, imali esebhange kanye nokuthola indlu yakhe.
- Utshontsha imali emsebenzini esesisefeni.

Uthanda imali
- Uthandana noNkululeko ukuze amthengele izingubo nokudla yize esebenza.
- Uvuma ukuhambisana necebo likaNkululeko lokuyogqekeza ebhange kanye nokubulala uThamsanqa ukuze naye ahlomule.

ISIPHETHO (Uvo lomfundi)
UPhindisiwe uvezwe njengomlingiswa owummeleli, oyindilinga futhi okholekayo kulo mdlalo. Izimo abhekane nazo kulo mdlalo zimenze waguquguquka. Wayeba yikholwa eliphelele uma ehamba noThamsanqa beya ezinkonzweni zabantu abashadile. Wayebuye azibandakanye ebugebengwini obuhlelwa nguNkululeko ayethandana naye ebe eshadile.

(Namanye amaphuzu ayovezwa ngabahlolwayo amayelana nokuvezwa komlingiswa ongummeleli).

(Abahlolwayo mababeke uvo lwabo, bakhombise ukuthi sebeyayiphetha impendulo yabo. Nezinye izindlela zokuvezwa kwabalingiswa zizokwamukelwa.) **[25]**

UMBUZO 25 (UMBUZO OMFUSHANE)

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

25.1 Isizathu ukuthi uMaKhangela wethuswa isibhamu esikhulu angakaze asibone empilweni yakhe√ okwenza ukuthi athi kuPhindisiwe akenze konke okushiwo uNkululeko.√ (2)

25.2 Indikimba yalo mdlalo eyothando lwemali.√ UPhindisiwe ubekela uNkululeko imibandela yokuthi amhlephulele imali azobe eyitholile njengoba esonakalelwe umendo wakhe.√/Indikimba yobugebengu obuhleliwe.√ UPhindisiwe utshela uNkululeko ukuthi uma eseyitholile imali ebhange uzomnika ingxenye ukuze akwazi kuziphilisa nezingane zakhe.√ (2)

25.3 Ongenanembeza/ongenandaba nemizwa yomunye umuntu/odelelayo/.√ Uphendula kabi uMaKhangela umtshela ukuthi kumele bangenzi ubulima obungabafaka ezinkingeni√ ngoba nguPhindisiwe obe nesimilo esixegayo esenze wangena kule nkinga yokufuna ukutshontsha imali, akafihli nokuthi uqopha ngomakhalekhukhwini konke abakukhulumayo endlini.√ (3)

25.4 Bobabili basize uNkululeko ngoba bethanda imali.√ USikela wasiza uNkululeko ngokuba azenze isihlobombumbulu azokhuluma nabantu bakwaMathonsi mayelana nomshado wakhe noPhindisiwe wenzela uNkululeko isitifiketi somshado womgunyathi√ kanti uKholekile wasiza uNkululeko ngokumazisa ngomshwalense nezimali ezisebhange zikaThamsanqa eyayingatholwa uPhindisiwe uma babengambulala uThamsanqa.√ (3)

25.5 Isizathu esokuthi uNkululeko ubona uPhindisiwe emthatha njengomuntu ononya nofuna ukuziphindiselela,√ uNkululeko utshela uPhindisiwe ngesethembiso ababesenzile sokuthi bayonakekelana.√ Ngakho-ke kumele uPhindisiwe amsize ngemali njengesithembiso ababesenzile.√ (3)

25.6 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi esikhathini samanje sekunobugebengu obuningi bokusetshenziswa kobuchwepheshe,√ njengoba uNkululeko wanika abakwaMathonsi isithombe somshado wabo noPhindisiwe kanye nesitifiketi somshado womgunyathi. Nangesikhathi kuntshontshwe imali ebhange amakhamera aveza ubufakazi enkantolo.√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (2)

25.7 Wawuzoba muhle ngoba nakube uThamsanqa wayezobe ethukile kodwa ngenxa yokufundiseka kwabo enkonzweni yabantu abashadile√ wayekholelwa ukuthi akumele kube khona olala ethukuthele nogodle izinto futhi√ wayezotshela uNkululeko ukuthi akayeke ukuhlukumeza inkosikazi yakhe futhi angaphinde ayifonele/ayishayele ucingo.√

NOMA

Wawuzoba mubi ngoba uThamsanqa wayezobe ekuzwa okokuqala ngqa ukuthi uZiphozonke ngokaNkululeko√ nokuthi uPhindisiwe washayisa ingane ngemoto icala lathwala uNkululeko ngoba bethandana.√ Wayengagcina emxoshile kwakhe ababophise benoNkululeko ukuze bathwale amacala abo.√ (3)

25.8 Lesi simo sokukhuluma siyisisho sichaza ukuthi uma ungena enkingeni ngeke ungene wedwa√ ngakho-ke sibe nomthelela wokuthi ngiqonde ukuthi uNkululeko wenza ubugebengu bokubamba ibhange esizwa nguPhindisiwe enokuqonda ukuthi uma bungaphumeleli wayengeke aboshwe yedwa kodwa babezoboshwa bagwetshwe bonke njengoba kwenzeka. √ (2)

25.9 Ngiyavumelana. UPhindisiwe owayesebenza ebhange i-Forum wacebisa uNkululeko ngokuthi bangayitshontsha kanjani imali ebhange njengoba baya kovalela uSarah bamphuca isikhiye,√ wagcina ngokubanjwa waboshwa waphelelwa umsebenzi.√ (2)

25.10 Umbhali uphumelele kahle ngoba ummeleli onguPhindisiwe uyethulwa.√ Kwethulwa isisusa sodweshu okuwudweshu lwangaphandle kanye nenkinga esuswa nguNkululeko ofuna ukukhokhelwa imali yakhe ngokuboshelwa izenzo zikaPhindisiwe aphinde afune nengane yakhe uZiphozonke.√ Kwethulwa nesizinda okuyinkathi yamanje, kunebhange i-Forum lapho kusebenza khona uPhindisiwe√ kanye nesimo senhlalo esiqala simuncu ngoba kunodweshu phakathi kwabo ngenxa yokungavumelani ngokufunwa nguNkululeko okuwukuqhubeka nothando lwabo.√ (3)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25
AMAMAKI ESEWONKE: 80

IRUBHRIKHI YOLIMI LWASEKHAYA

ISIQEPHU A: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INKONDLO [AMAMAKI AYI-10]

Izinkomba	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kuyagculisa	Akugculisi kahle	Akugculisi nhlobo
OKUQUKETHWE Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. **6 AMAMAKI**	**5–6** -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu amahle kakhulu ahlukene asekelwe kabanzi kubhekiswe enkondlweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenkondlo.	**4** -Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa awasekeliwe onke ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenkondlo luhle.	**3** -Isihloko usihlaziye ngokugculisayo -Akhona amaphuzu amahle asekela isihloko -Amanye amaphuzu asekeliwe kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi -Ulwazi lwenkondlo olugculisayo.	**2** -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle -Kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko -Ulwazi lwenkondlo alugculisi kahle.	**0–1** -Akanalo nhlobo ulwazi lwesihloko -Akukho nhlobo okuhambisana nenkondlo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenkondlo.
ISAKHIWO KANYE NOLIMI Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude. **4 AMAMAKI**	**4** -Isakhiwo esihleleke kahle kakhulu -Amaphuzu ahleleke kahle kakhulu futhi athungelana kahle kakhulu -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhlolweni -Ulimi, ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba akunamaphutha nhlobo.	**3** -Isakhiwo esihleleke kahle futhi amaphuzu ageleza ngokulandelana kahle -Ukugeleza kwamaphuzu kuyalandeleka -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	**2** -Kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo -Amaphuzu awagelezi futhi awahlelekile -Amaphutha olimi ayingcosana, ithoni kanye nesitayela kusetshenziswe ngokugculisayo.	**1** -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ezingeni lokuhleleka -Amaphuzu awahlelekile ngokugculisayo -Ulimi lunamaphutha amaningi -Ithoni nesitayela akugculisi kahle.	**0–1** -Isakhiwo asihlelekile kahle neze -Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze.

ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]

Izinkomba	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kuyagculisa	Akugculisi kahle	Akugculisi nhlobo
OKUQUKETHWE Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. **15 AMAMAKI**	**14–15** -Impendulo enembayo -Impendulo enhle kakhulu -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu ahlukene anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/lobuciko bomlomo/lomdlalo.	**9–11** -Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa akusiwo wonke asekelwe ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenoveli/ lobuciko bomlomo/ lomdlalo luyabonakala.	**6–8** -Ukuhumusha isihloko ngokugculisayo; akuzona zonke izingxenye ezicaciswe kabanzi -Kunamaphuzu ambalwa amahle asekela isihloko -Amaphuzu ambalwa asekeliwe, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi -Ulwazi olungenele lwenoveli/lobuciko bomlomo/lomdlalo.	**4–5** -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko ngokucacile -Amaphuzu ambalwa asekela isihloko -Amaphuzu amancane ahambisana nesihloko -Ulwazi oluncane lwenoveli/ lobuciko bomlomo/lomdlalo.	**0–3** -Ulwazi oluncane kakhulu lwesihloko -Umzamo ontekenteke wokuphendula umbuzo -Amaphuzu awanelisi nhlobo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/ lobuciko bomlomo/ lomdlalo.
ISAKHIWO KANYE NOLIMI Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude. **10 AMAMAKI**	**8–10** -Isakhiwo silandelana kahle kakhulu -Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu -Amaphuzu abekeke kahle kakhulu futhi athungelana kahle -Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlolweni.	**6–7** -Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle -Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle -Amaphuzu ageleza kahle -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	**4–5** -Isakhiwo siyabonakala kancane -Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyabonakala, kodwa kunamaphutha -Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile -Izigaba eziningi zibhaleke kahle.	**2–3** -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhlelweni kwaso -Amaphuzu awahlelekile kahle -Amaphutha olimi agqamile -Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele -Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha.	**0–1** -Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu -Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo -Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele -Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha.